

24 September 2022

iSIMANGALISO WETLAND PARK AUTHORITY SIBUNGAZA USUKU LWAMAGUGU

Ukunotha kobugugu obutholakala eSimangaliso Wetland Park yibo kanye obudonsa izinkulungwane zabavakashi abaqhamuka emhlabeni wonke jikelele ukuba bavakashele le ndawo. iSimangaliso ipaki eliqala kusukela eMaphelane bude buduze ne-St Lucia size siyofika eKosi Bay ngasemngceleni waseMozambique. Silele isibili ezindaweni ezinkulukazi ezivikelwe eNingizimu Afrika. Ngonyaka wezi-1999 ngoZibandlela, iSimangaliso sahlonzwa njengendawo eyisigcina magugu nelondoloza umlando osezingeni lomhlaba ngenxa yokwehluka, ubuhle obutholakala kule ndawo kanye nokunotha ngokwemvelo. iSimangaliso saba indawo yokuqala eNingizimu Afrika eyahlonzwa njengesizinda esigcina magugu nesilondoloza umlando osezingeni lomhlaba sihlonzwa i-United Nations Environment Scientific and Cultural Organisation (UNESCO). Le nhlanganisela yobuhle bendalo nokuhluka kwenhlalo kwaphakamisela iSimangaliso kwelinye izinga emlandweni eNingizimu Afrika.

Owayengumongameli wakuleli uMnu. Nelson Mandela enkulumeni yakhe ayethula ngenkathi kuqoshwa umlando kubuyiswa izindlovu ngonyaka ka-2002 ogwini oluseNingizimu noluseNtshonalanga yechweba lase St Lucia wathi, “iSimangaliso kumele kube iyona kuphela indawo emhlabeni lapho isilwane esidala esincelisayo (uBhejane) kanye nesilwane esikhulu somhlaba esincelisayo esihlala emhlabathini (Indlovu) zabelana imvelo nofishi omdala emhlabeni (i-Coelacanth) nesilwane esikhulu esihlala emanzini (Umkhome).

iSimangaliso sinomlando omude futhi phambilini sasaziwa nge-Greater St. Lucia. Igama elithi iSimangaliso lisuselwa esishweni sesiZulu esithi, ubone isimanga esabonwa uJeqe kwelamaThonga (you have seen miracles, what uJeqe saw in the land of the Thongas). UJeqe wayeyisigijimi senkosi uShaka esasigcina imfihlo yenkosi uShaka okwakumele ngokosiko angcwatshwe nenkosi uShaka. Ukuze agweme ukungcwatshwa nenkosi uShaka ngenkathi isikhotheme, uJeqe wabalekekela waya engasekugcineni kweNyakatho neKwaZulu lapho kuhlala khona abantu abangamaThonga. Ekubuyeni kwakhe ngenkathi inkosi isitshaliwe, wathi ubone isimanga sendawo eyithafa futhi enamachweba endaweni yamaThonga. Wayeqonde ukuchaza ubuhle bemvelo abubonile ngenkathi ehamba endaweni okuyimanje yaziwa ngokuthi iSimangaliso Wetland Park.

iSimangaliso sinemvelo exhumene (okuwukuphela kwehlathi elivundile elisele eNingizimu Afrika), amachweba amathathu amakhulukazi okufaka Phakathi ichweba lase Kosi Bay, ichweba lase St Lucia Kanye nechweba laseSibhaya. Kunezinhlobo zezimfudu ezinhlanu, izinyoka ezinlobonlobo ezingamashumi amathathu nesithupha, izinyoni ezinhlobonhlobo ezingamakhulu amahlanu namashumi amabili nesithupha, lonke uhlobo lwezihlahla ze-mangrove ezitholakala eNingizimu Afrika zonhlanu, nohlelo lokudoba oludalakazi oselusetsheziswe iminyaka engamakhulu ayisikhombisa olwaziwa ngokuthi utshwayelo, ubuhle bemvelo namasiko okwabonwa amaPutukezi kanye nezinhlanga ezinhlanu okungamaZulu,amaSwati, amaShangani, amaThonga Kanye nabakhuluma isiGonda. iSimangaliso Wetland Park Authority impela indawo lapho izimangaliso zingapheli khona.

iSimangaliso sinobudlelwano obuhle nobukhosi obuyishumi nambili eMkhandlwini wesifunda uMkhanyakude. uMkhanyakude ubuwaziwa njengesizinda sendlala eminyakeni eminingi edlule, ngakho-ke iSimangaliso sabona isidingo sokukhuphula izinhlelo zokuthuthukisa imiphakathi Kanye nokulwiswana nezinkinga ezibhekene nomphakathi owakhe ngaphakathi epaki kanye nowakhelene nepaki okufakaphakathi ukulwisana nesihlava sokuntuleka kwamathuba emisebenzi, ukulwisana nobubha Kanye nokungalingani emphakathini. Uhlelo lwe-Rural enterprise programme lwathulwa emiphakathini ukufukula osomabhizinisi abasebancane abangaphansi koMkhandlu wesifunda uMkhanyakude.

Kumanje lolu hlelo selusize abantu abalinganiselwa kumakhulu amane namashumi amathathu ngosizo lokuqeqeshwa kwezamakhono, ukuthuthukiswa Kanye nosizo

lwezezimali. Kunosonkontileka abangaphezu kwesikhombisa abakhona abasusa izimila ezingezona ezomdabu nokungosonkotileka abayizakhamizi emiphakathini eyakhele iSimangaliso, usonkontileka ngamunye uqashe abasebenzi abangekho ngaphansi kweshumi nambili abahlomulayo. Kuyakholwakala ukuthi imfundo isikhiye sempilo, isitebhisi sibekiwe lapho kuqashwe khona intsha engamakhulu amabili ohlelweni lwe-Groen Sebenza internship Program kanye nabanakekela imvelo abayikhulu namashumi amathathu abasebenzayo njengamanje.

-Iyaphela.-

Isitatimende sikhishwe iSimangaliso Wetland Park

Abezindaba bengaxhumana nokhulumela iSimangaliso Wetland Park:
Mr Bheki Manzini
Call/Whatsap: 060 533 2082
Email: bhekimanzini@isimangaliso.com